

Vuk'uzenzele



Produced by Government Communications (GCIS)

isiZulu / English

| September 2016 Edition 2



Deputy President Cyril Ramaphosa (centre), Minister Nkosinathi Nhleko, and Acting National Commissioner Kgomotso Phahlane during the South African Police Services' Annual Commemoration Day.

Police officers honoured

Neo Semomo

Deputy President Cyril Ramaphosa says the killing of police can never be justified and must come to an end.

"We must build a culture that values police that sees them not merely as public servants, but as courageous men and women who have answered a calling."

The Deputy President was speaking during the National Commemoration Day ceremony to remember members of the South African Police Service (SAPS) who lost their lives in the line of duty. The ceremony was held in honour of police of-

ficers who lost their lives between 1 April 2015 and 31 March 2016.

He added that citizens should work together to create a nation that cares for each other.

"Together we must build a nation that values the sanctity of life and protects the most vulnerable.

"We ask our nation to unite in saying that the murder of our police officers is unacceptable and it must end.

"The death of one police officer is one death too many. It is thus heart-breaking to learn that during the last year 72 members of the police service lost their lives, 40 of them in the line of service," said Deputy Presi-

dent Ramaphosa.

The youngest of the police officers who lost their lives was Constable Sabelo Manyanga (28) who was shot two days before Christmas last year while on duty in KwaZulu-Natal.

He had three children with the youngest being one month old.

The Deputy President said the murder of police officers should not only be condemned but that communities should commit to working with the justice system to ensure that those who commit these crimes pay for their deeds.

"Communities have a vital role to play. By participating in Community Policing Forums they can

have a voice in local policing and become aware of crime trends in their areas."

Deputy President Ramaphosa told the families of the police officers that the country was behind them.

"May you all find comfort in the knowledge that millions of South Africans truly value your loved ones and the service they rendered with distinction to the people of South Africa and our nation as a whole.

"As the names of your loved ones are engraved today on the monument, please know that your pain and your sacrifices remain engraved in the hearts of all of us as South Africans." ▶



Township economy gets a boost

Page 9



Top female farmers honoured

Page 10



ALSO AVAILABLE ON:



@VukuzenzeleNews

Vuk'uzenzele

Websites: www.gcis.gov.za
www.vukuzenzele.gov.za
E-mail: vukuzenzele@gcis.gov.za
Tel: (+27) 12 473 0179

Free Copy

Amakomidi ezigceme zomasipala: Okumele ukwazi



Amakomidi ezigceme angenye yezindela zokuqinisekisa ukuthi izakhamuzi zifaka isandla ezinqumweni ezithathwa yimikhandlu yendawo.

Chris Bathembu

Esikhathini esifushane esedlule, iNingizimu Afrika ibambe u-Khetho Lohulumeni Basekhaya olukhululekile futhi o-lungachemile. Manje kuzogxi-wa komunye umkhakha osemqoka kakhulu, wohlelo lohulumeni basekhaya eNi-ningizimu Afrika: wokusungu-wa kwamakomidi ezigceme.

I-Vuk'uzenzele icubungula iqhaza nemisebenzi yama-komidi ezigceme kusukela kwethulwa lolu hlelo ngowi-z-2005.

Ngokuyalela komthetho, umhlangano wokuqala wokhanelu osanda kukhethwa kumele ubanjwe kungaka-pheli izinsuku eziyi-14 emva kokushicilelw ngokuse-mthethweni kwemiphumela yokhetho.

Yini amakomidi ezigceme?

Amakomidi ezigceme akhiwa ngamalungu ameles isigceme esithile.

Amalungu ekomidi ameles izinhlangano ezahlukahlukene ngaphakathi esigceme futhi usihlalo wekomidi yikhansela lesigceme.

Amakomidi ezigceme ngumgudu osemthethweni futhi ohlelekile wokuxhumanisa imiphakathi nomasipala.

Amakomidi ezigceme anikeza amalungu omphakathi ithuba lokuzwakalisa izidino nemibono yawo mayelana nezinda-ba ezithinta izimpilo zavo, bese ikhansela likuthatha lokho oku-shiwo ngumphakathi likudlulisele kumasipala ukuze ku-fakelwe izibuko.

Amakomidi ezigceme yimi-gwamanda yokweluleka esu-ngulwe ngaphakathi ezinhla-keni zomphakathi wonkana ukuze ilekelele ikhansela lesigceme ekwenzeni umsebenzi walo ngendlela egxile ikakhulu-kazi ekusebenzeni ngokwentando yeningi labantu.

Kungani ebalulekile a-amakomidi ezigceme?

Amakomidi ezigceme abalulekile ohlelweni lohulumeni basekhaya njengoba ehlinzeka nge-xhama lokuxhumana phakathi kwekhansela nomphakathi.

Uhlelo lwamakomidi ezigceme ludlala futhi nendima ebalulekile ekuferezekiseni isiqubulo esithi "abantu bazobusa". Lokhu kungenxa yokuthi ohulumeni basekhaya baththa-wa njengomkhakha kahulumeni osondelene kakhu-lu nabantu futhi amakomidi ezigceme angenye yezindela zokuqinisekisa ukuthi izakhamuzi zifaka isandla ezinqumweni ezithathwa yimikhandlu yendawo.

INhlangano Yohulumeni Basekhaya yaseNingizimu Afrika (i-Salga), okuyiyona yodwa inhlango emele bonke omasipala, ithi amakomidi ezigceme abalulekile futhi nase-kugquqzeleni ubudlelwano obuhle phakathi kwamakhanse-la ezigceme nababambiqhaza abasemqoka kakhulu emazingeni ezigceme, njengemikhndl-yabaholi bendabuko kanye nabasebenzi bokuthuthukisa komphakathi.

Isikhathi sokuphatha esimisiwe samakomidi ezigceme

Isikhathi sokuphatha samakomidi ezigceme sihambelana ne-semikhndl yomasipala futhi kumele, ngokushesha emva kokumenyezelwa ngokusemthethweni kwemiphumela yokhetho, umasipala ahlele imihlangano yezigceme ukuze kuhlonzwe ababambiqhaza besigceme futhi emva kualoko kuhethwe amakomidi ezigceme ngokohlelo oluhambelana nomasipala ngamunye.

Ukukhethwa kwamakomidi ezigceme

i-Salga isibhale imigomo yoku-ziphathe eyenzelwe amalungu amakomidi ezigceme, etholakalayo kubo bonke omasipala. Kodwa-ke, imikhandlu yoma-

sipala kumele ishaye imithetho yokukhethwa kwamalungu amakomidi ezigceme, kubanda-kanya nokuthi kumele ibanjwe nini futhi kangaki imihlangano kanye nokuvalwa kwamakomidi ezigceme.

USomlomo, oqokwa yiningi lamalungu omkhandlu, ubiza umhlangano wesigceme ukuze kuhethwe amakomidi ezigceme.

Kumele kuphanyiswe amaga-ma abantu abayi-10, futhi akumele amagama aphakanyisiwe abe ngaphezu kwayi-15.

Yini imisebenzi yamakomidi ezigceme?

Ngokusho koMnyango Wokwengamela Ngokubambisana Nezendabuko ikomidi lesigceme lenza izincomo ekhanse-len-lesigceme mayelana namona iluphi udaba oluthinta isigceme salo, noma ngokuce-la ikhansela lesigceme ukuba lidlulisele udaba lolo emkhndl-wini kamasipala, noma ekomidini lezipathimandla noma ekomidini elisekelayo.

Ikomidi lesigceme lithathwa njengohlaka olusemthethweni olwamukelwe ngumkhandlu kamasipala njengomgwamanda wokweluleka nokubonisa-na, futhi njengomgudu we-zokuxhumana mayelana nezindaba ezithinta isigceme, kubandakanya nalokhu okulandelayo, kodwa kungacini lapho nje kuphela:

- ukumela umphakathi eku-hlanganisweni nokuqali-swa koHlelo Lwentuthuko Oludidiyelwe (i-IDP)
- ukuqinisekisa ukuxhumana okwakhayo futhi okuqhtshwa ngomoya omuhle wobumbano nobunye phakathi kukamasipala nomphakathi
- ukuthatha izinyathelo ezi-fanelekile mayelana nazo zonke izindaba ezithinta umphakathi kanye nalezo eziwuholmilisayo
- ukuthatha izinyathelo ezi-zohlomulisa umphakathi futhi kuqinisekiswe ukuthi

umphakathi ubamba iqhaza ngenkuthalo enqubweni yesabelomali sikamasipala.

Indima eddalwa ngama-komidi ezigceme

Amakomidi ezigceme adlala indima ebalulekile ekuvaleni igebe phakathi kukamasipala nomkhandlu wawo kanye nomphakathi. Ezinye zezinjongo zamakomidi ezigceme wukwenza lokhu okulandelayo:

- ukwakha imigudu ye-zokuxhumana ehlelekile futhi engachemile kanye nobambisano oluhle phakathi kukamasipala nomphakathi wesigceme
- ukuqinisekisa ukuxhumana phakathi kukamasipala kanye nemiphakathi ngo-kusetshenziswa nokukho-khelwa kwezinsizakalo
- ukwakhiwa kobudlelwano obuhle obuqhutshwa ngo-moya wobumbano nobunye phakathi kwabahlali besigceme, iKhansela Lesi-

gceme, umphakathi ohla-la ezindaweni ezahlukahlukene kanye nomasipala

- ukuholo nokuqinisekisa ukubamba iqhaza komphakathi ngenkathi kuqhutshwa uhlelo lokulawula ukuthuthukisa, ukubuyekezwa kanye nokuqaliswa kwe-IDP kamasipala
- ukuba ngumgwamanda wokweluleka mayelana nezinqbomgom zo-mkhandlu kanye nezindaba ezithinta imiphakathi ehlala esigceme
- ukuqapha ukuqaliswa kwezinhlelo zesigceme kanye nezimali ezisetshe-nziswa ngokubona kwesi-gceme (qaphela: ukulawu-lwa kwezimali nokuqaliswa kwezinhlelo kungumseben-zi osezandleni zomkhan-dlu)
- ukudidiyela nokuqinisekisa ukuhambelana kwezinhlelo zesigceme. ▶

UNgqongqoshe udlilisa izilokotho ezinhle kumakhansela amasha

Ungqongqoshe Wokwengamela Ngokubambisana Nezendabuko (i-Cogta), u-Des van Rooyen, uwafisele okuhle kodwa amakhansela emisebenzini yawo emisha athweswe yona.

"Njengoba nginamuke-la ngezandla ezimhlophe, nonke njengamakhansela akhethwe ngokwentando yeningi labantu, ngiyaninxusa ukuba nibe ngabantu abasebenzela intando yeningi labantu njalo futhi ngokweqiniso, nemigomo nezimiso zoMthethosiseke-lo WeRiphabhulikhi yase-Ningizimu Afrika."

"Ngiyaninxusa ukuba ni-hlale njalo nisebenza ngo-kweqiniso ukufezekisa igunya lalo mkhakha ose-mqoka kakhulu kahulumeni wethu, njengoba usungulwe ngokwemigomo yoMthethosisekelo njengomkhakha ohlukile, kepha oncikene futhi ohlobene nomkhakha kazwelone nowesifundazwe," kusho uNgqongqoshe Van Rooyen.

Uzwakalise futhi nokuthi uyawathemba amakhansela ukuthi analo ikhono lo-

kwenza imisebenzi yawo, abeke phambili nezimfuno nezidindo zemiphakathi ayisebenzelayo.

"Siyabanxusa bonke omasipala bakuleli abanga-ma-257 ukuba baqinisekise ukuthi ihlandla lokuphatha lesine likahulumeni wasekhaya wentando yeningi labantu liholwa ngokwenhlos-mbono kahulumeni wasekhaya olawulwa ngentando yeningi labantu futhi othuthukisayo, lapho omasipala befezekisa izibopho zabo abazethweswe ngokomthethosisekelo," kusho uNgqongqoshe.

Wonke amakhansela azofakwa ngaphansi kohlelo lokubonisa nokuhlinzeka ngolwazi olufanelekile olupathelene nomsebenzi athweswe wona.

Lolu hlelo lokubonisa nokuhlinzeka ngolwazi luzokwenza ukuba amakhansela asheshe ajwaye-le indlela osebenza ngayo umkhandlu, nemithetho osebenza ngaphansi kwayo kanye nobunzima nezingqinamba okungenzeka zihlangabezane nawo nge-nkathi wenza umsebenzi wawo. ▶

Iminotho yasemalokishini ithola ukwesekwa nokuthuthukiswa



Lutando Ndamase

Uhulumeni usethe-
mbise ukuthi
uzokhuphula ukwe-
sekwa komnotho wasemalo-
kishini.

Esikhathini esifushane ese-
dlule, uNgqongqoshe We-
Hhovisi likaMongameli,
owengamele uphiko lwe-
zokuHlela, Ukuqapha kanye
Nokuhlola, u-Jeff Radebe,
wethule umkhankaso weze-
bhizinisi obizwa nge-EZASE-
KASI Business Fridays. Lona
ngumkhankaso omkhulukazi
okuhloswe ngawo ukweseka
umnotho wasemalokishini.

EZASE-KASI, oku-
mkhankaso ochaza ukuthi
'ezivela elokishini', kuhloswe
ngawo ukufaka isandla eku-
thuthukiseni nokusimamisa
umnotho wasemalokishini
ezweni lonkana.

Ekhuluma ngenkathi
kwethulwa lo mkhankaso
edolobheni laseKapa, u-
Ngqongqoshe wathi lolu
hlelo olusha, oluwmqo-
ndo kasomabhizinisi, uSiy-
anda Mtulu, kuhloswe ngalo
ukuqinisekisa ukuthi njalo
ngoLwesihlanu, hhayi nje
kuphela lapha edolobheni
laseKapa kodwa kwiRiph-
bulikhi yaseNingizimu Afri-
ka yonkana," kusho u-
Ngqongqoshe.

so-mbono yowezi-2030, lo-
kho akuncikile kuhulumeni
namabhizinisi azimele nje
kuphela."


"Into engiyithandayo ngalo
luhlelo ukuthi luletha amab-
hizinisi amakhulu futhi
luwaxhumanise nosomabhi-
zinisi bethu basemalokishini
ukuze ngalokho kufukulwe
futhi kusimamiswe umnotho
wasemalokishini."

"Ngilangazelela ukubona

**"Into engiyithandayo
ngalolu hlelo ukuthi
luletha amabhizinisi
amakhulu futhi
luwaxhumanise
nosomabhizinisi
basemalokishini
ethu..."**

lolu hlelo luqhutshwa njalo
ngoLwesihlanu, hhayi nje
kuphela lapha edolobheni
laseKapa kodwa kwiRiph-
bulikhi yaseNingizimu Afri-
ka yonkana," kusho u-
Ngqongqoshe.

UNgqongqoshe wathi uhle-
lo i-EZASE-KASI Business
Fridays luzokufakwa kanye
nezimpawu zokuhangisa zoHlelo
Lokuthuthukiswa Kwezwe (i-NDP)
ngenhlo-
so yokuthi kuhuthazwe u-
mdlandla wezakhamuzi kwi-



UNgqongqoshe u-Jeff Radebe ubonwa lapha eno-Maymarie Du Plessis (ongakwesokunxele), Makagiso Mtulu, Lwazi Kanta no-Justice Maphala emcimbini wokwethulwa komkhankaso i-EZASE-KASI Business Fridays.

NDP kanye nomnotho wase-
malokishini.

IPhini LikaNgqongqoshe
Wezokuvakasha, uTokozile
Xasa, owabe ekhona naye
ngenkathi kwethulwa lolu
hlelo, wathi lolu ngolunye
lwezinhllelo eziphuma pha-
mili zokukhulisa ukusi-
mamisa komnotho wase-
malokishini.

Wathi futhi kunamathuba
okuthuthukiswa kwengqa-
lasizinda, ukuthuthukiswa
kwamakhono kanye noku-
hlinzeka ngokwesekwa
okudingekayo ukusimamisa
nokuchumisa amabhizinisi
asemalokishini.

"Kunamakhono amanangi
... aphantelene nobuciko

bezandla. Kuyatholakala fu-
thi konke okufunwa ngaba-
vakashi ngenkathi behambele
eNingizimu Afrika," kusho
yena.

Kulindeleke ukuba lolu hle-
lo luqaliswe ezweni lonkana
ukuze kwesekwe amabhizinisi
asemalokishini.

UMtulu wanxusa abantu
baseNingizimu Afrika uku-
ba bagqoke izingubo ezikh-
qizwe emalokishini, badle
isidlo sasemini emalokishini
futhi bazibandakanye kwizi-
nkambo zokuvakashela
emalokishini futhi bathenge
izimpahla emabhizinisi ese-
malokishini.

"Lokhu kuzohlomulisa
abantu abanangi baseNing-

zimu Afrika ngokuthi kuvule
amathuba omsebenzi futhi
kuhlinzeke amabhizinisi ama-
khulu ngethuba lokweseka
nokusebenzisana nezinkam-
pani eziyingxene yoHlelo
Lokufukulwa Nokuthuthu-
kiswa Kwabantu Abamnya-
ma Kwezomnotho (i-BB-
BEE)," kusho yena.

Inkampani yomshwalense
wesikhathi esifushane ya-
kwa-Santam iyaweseka lolu
hlelo.

U-John Lomberg wa-
kwa-Santam wathi le nka-
mpani izoqequesha abantu,
futhi izibekele umkhawulo
wokuqequesha osomabhizi-
ni ababalelwu kuma-600 kuya
kuma-800 ezweni lonkana. ▶

Sekgabo Kedjang

Iearning that you are pregnant is often the most exciting yet life-changing experience in a woman's life. This can also be a daunting and confusing experience for most women and may raise concern about the possible loss of a regular income.

The Unemployment Insurance Fund (UIF) maternity benefit fund allows pregnant women to take four consecutive months of maternity leave and affords financial relief over a short period of time to care for their newborn babies.

To apply, new mothers can go to their nearest labour centre at the start of their maternity leave.

Claiming maternity benefits

The window period for approval takes approximately six to eight weeks and payments will only be made once the birth date is confirmed.

If new mothers want to claim maternity benefits they must use the following steps:

Step 1: Get the documents ready

Before new mothers can claim, they must get the following documents ready:

- ID or passport
- Form UI-2.8 for banking details
- Form UI-2.7
- Form UI-2.3 (application form)

- Medical certificate from a doctor or birth certificate of the baby
- Form UI-4 (follow-up form)

Step 2: Go to the nearest labour centre

Pregnant women must go to the nearest labour centre themselves and hand in the documents. If they are too ill, they can organise for someone else to go in their place. Staff at the labour centre will assist them with all the processes and give them more information.

Step 3: Follow all the instructions of the staff at the labour centre

Staff at the labour centre may

ask pregnant women to go to the doctor again or to visit the labour centre at certain times. Applicants should do what is asked of them, or they may not be able to claim.

How long can I claim?

Women can claim for 17 weeks.

Note: Women who miscarry in the third trimester or have a stillborn child can claim for six weeks.

How will I be paid?

Benefit payments will be paid into your bank account.

Will I be taxed?

No tax is payable

on the benefits.

What should I do if I get overpayment?

If you get more money than you should, you must pay back the extra money.

Important

A person cannot claim for maternity benefits if they receive money from the Compensation Fund for an occupational injury or disease; or any other unemployment fund; or have been suspended from claiming because of fraud. ▶

For more information contact the call centre on: 0800 843 843/0800 or visit: www.labour.gov.za